**HILLCREST HIGH SCHOOL**
**UKUHLOLWA KWETHRAYELI(TRIAL EXAMINATION)2013**
**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**
**IBANGA LESHUMINAMBILI (GRADE 12)**

**IPHEPHA LESIBILI (PAPER 2)**
**NON MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**ISIKHATHI: 2Amahora AMAMAKI: 70**

## IMIYALELO KOHLOLWAYO

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
- Phendula imibuzo kanjengoba uyalelwe embuzweni ngamunye.
- Bhala isiZulu esifanele nopelomagama olwemukelekile.
- Ungayixovi imibuzo.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

UMSHADO: NELISIWE ZULU.

1.Khetha umbuzo **owodwa(one)** ubhale ngawo i-eseyi engamagama ayi-190 kuya kwangama -240.

1.1.Xoxa ngezexwayiso uBhekani ayezithola ngamaphupho nangabantu(people) abaseduze(close ) naye.Yisho ukuthi uBhekani wasabela kanjani(reacted) kulezo zexwayiso. (20)

**NOMA**

1.2.Xoxa ngalaba balingiswa(characters) abalandelayo bavezwe(portrayed) bengabantu abanjani.

1.2.1 uBhekani

1.2.2.uTholakele

1.2.3.uSifiso (20)

**NOMA**

1.3.Uthando lukaTholakele kuBhekani lunamandla(powerful) ukwedlula yonke into.Uyavuma noma uyaphika? Sekela( support) umbono wakho ngalokho okwenzeka endabeni.

(20)

2.Fundisisa iziqephu ezilandelayo bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

"Nihlangana kuphi?"

"Ingifice ngihamba noTholi."

"Ayaze yakuxakazisa."

"Lutho. Okungiphathe kabi nje ithe ihamba noTholi yona manje, nami angihambe."

"Wenzenjani?"

"Ngivele ngahamba ngaqonda ekhaya."

"Uzisizile Bheki. Umqaphele lowo muntu uyingozi. Mina ngimazela khona le emakhaya. Uma efike la eNyawushane uhamba eselwe nenqwaba yabantu."

Athule uBheki elalele le nkulumo kaSifiso. Ezwe eshaywa uvadlwana oluncane. Kuze kubuye kuqale yena futhi uSifiso ukukhuluma: "Sebekukhokhele nje oTholi imali owabeboleka yona?

"Cha, abakayikhokhi Sifiso."

"Bakutshela ukuthi wayenzeni uZenze lowo eze eboshwa?"

"Abangitshelanga."

"Yini ungazibuzi izinto lezi Bheki?"

Angaphenduli uBheki. Asuke amshiye kanjalo uSifiso ahambe. Siphume isikole. Abikelwe uBheki ukuthi sekufanele ayobhekana nomalume wakhe. Nempela sithi uma siphuma isikole aqonde ekhaya.

"Mfana, ngiyahamba kusasa. Sesike sayikhuluma le ndaba yakho nonyoko, ilukhunyana." Athule uBheki angaphenduli. Acabange umalume wakhe ukuthi konke angamkhombisa kanjani umalume wakhe ukuthi ubambo lwakhe uTholi.

"Uyabazi abazali bale ntokazi ofuna ukushada nayo?"

"Angibazi."

"Kuzofuneka sibabone-ke ndodana. Singeke savuma ushade nengane esingazi ukuthi izalwa abantu abanjani. Ngokufunda, ihambe kangakanani le ntokazi?"

"Angazi kahle malume. Kodwa-ke isiNgisi isikhuluma kahle kakhulu."

"Iyasebenza noma yenzani?"

2.1. Ngobani abantu ababili ababuza uBhekani imibuzo kulesi siqephu? (2)
2.2. Ubani lo uBhekani ahlangane naye? (1)
2.3. Kwakuyimalini le uTholakele ayeyibolekile? (1)
2.4. Bala izinto **ezintathu** umalume kaBhekani ayefuna ukuzazi ngoTholakele. (3)
[7]

3.Khetha impendulo eyodwa kwezilandelayo, ubhale uhlamvu (letter) kuphela.

3.1.UTholakele wayehlala kule mijondolo.........
A. eNyakashane
B. eNyawushane
C.eNyamazane (1)

3.2.OBhatomu bashaya uBhekani nge.......
A. ngeketanga
B. ngenkalivasi
C. ngesitswebhu (1)

3.3.UBhekani wayenza lo msebenzi......
A.wobuphoyisa
B.wobunesi
C.wobuthisha (1)

3.4.Umama kaBhekani weluleka uBhekani ukuba ashise ikhambi okuthiwa yi........
A. mpempe
B. mpepho
C.mpapho (1)
[4]

4.Phendula le mibuzo **ngegama elilodwa** kuphela.

4.1. Ubani igama lomngane omkhulu kaTholakele? (1)
4.2. Ubani igama lomngane omkhulu kaSifiso? (1)
4.3.Umunju owafelwa yindoda njengoTholakele ubizwa ngaliphi igama esiZulwini? (1)
4.4.Imoto okwakuthiwa ithatha amantombazane yayimbala muni? (1)
[4]

**ABABULALI BENYATHI..... R. MZI MNGADI**

5.Khetha umbuzo **owodwa(one)** uphendule ngawo ngamagama ayi- 190 kuya kwangama-240.

5.1.Lo mdlalo uveza ukuphambana (clash) kwendlela yakudala(traditional) kanye naleyo yombuso wentando yeningi(democratic).Xoxa usho ukuthi umlobi ukuveze kanjani lokhu ngezigameko ezisendabeni. (20)

**NOMA**

5.2.Qhathanisa laba balingiswa abahamba ngababili ukuthi bavezwe bengabantu abanjani nokuthi lokhu kusigqamisa kanjani isizinda.

5.2.1.uDlamini noMbandlwa
5.2.2. uShandu noDuma
5.2.3. uMaNgema noMaShezi (20)

**NOMA**

5.3.Xoxa ukuthi yiluphi udweshu(conflict) olutholakala kule ndaba.Bhala usho ukuthi lolu dweshu luyikhulise (develop) kanjani indaba ize ifike kuvuthondaba(climax) (20)

6. Fundisisa lesi siqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

**(Kusekuseni. UDuma noMbandlwa bahleli phambi komnyango emzini kaDuma. UMbandlwa akasalibophile ikhanda.)**

**Duma** :Cha, ususindile mfo ngoba usukwazi ukunqamula lolu khalo uze ufike lapha. Nakhu newashingi awusayithwele. *(bahleke bobabili)*

**Mbandlwa** :*(ehleka)* He! He! Uyadela wena ongenangozi ekhanda. Ubani obethwele iwashingi? Ngabe kungcono ukuba lesi silima sagqema wena kanti.

**Duma** :Mina ngiyakwazi ukuvika. Wayengeke alithole ikhanda lami. *(ahleke)*

**Mbandlwa** :We mame! Kuvike bani? Kanti ezikoleni zaseThekwini nanelusa yini? Musa ukudlala lapha wena.

**Duma** :Futhi akazange ashaye ndawo uDlamini lapha kuwe kodwa nguwe owabhayiziswa uvalo maqede wazishayisa obondeni. *(ahleke)*

**Mbandlwa** :*(sakunengwa)* Wayebheda lowo enkantolo. Yizindlela eziphansi nje zakhe lezo zokuphika icala. Sizobona kodwa ukuthi azophelelaphi la manga awashoyo. Futhi masihlukane nale ndaba kaDlamini ngoba iyanginenga.

6.1. Banobudlelwane (relationship) buni uDuma noMbandlwa? (2)
6.2. Yini le'washingi' ebithwelwe uMbandlwa ezinsukwini ezedlule? (1)
6.3.Xoxa kafushane imbangela yale ngozi uMbandlwa anayo ekhanda. (3)
[6]

7.Phendula ngokuthi **YIQINISO noma YIPHUTHA.**

7.1. UMaShezi wayekhulele elokishini laseMlazi. (1)
7.2.Umhlangano wentuthuko wawusesikoleni eNdabuzekwayo. (1)
7.3. UShandu wayebekwe ngevoti ebukhosini. (1)
7.4. UMaNgema wayefundele ukuba uthisha yize ayengasebenzi. (1)
[4]

8.Phendula umbuzo ngegama elilodwa noma amabili kuphela.

8.1. UDlamini wayeganwe uMabani? (1)

8.2.Ngobani amagama onogada ababili abathunyelwa ukuyoqapha kwaDlamini? (2)
8.3. Ubani isibongo sikaMfundisi owaphatha umhlangano ngasekupheleni komdlalo? (1)
8.4.Wawungaluphi usuku lweviki umhlangano kaDuma wentuthuko? (1)
[5]

**ISAMBA SESISONKE: 70**